



## Ukufundela kakhulu izingane

### Izizathu ezinhle eziyisihlanu zokufunda kakhulu

1. Ukufundela kakhulu izingane zakho kusiza ukuthuthukisa ubudlelwane phakathi komzali nengane.
2. Uma ufundela kakhulu izingane bese zithokozela indaba, ubona ukufunda njengento egculisayo futhi lokhu kusiza ngokuzigqugquzela ukuthi zizifundele.
3. Ukufundela kakhulu izingane ezincane kuzikhombisa ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi. Lolu lwazi lwenza kube lula kakhulu kuzona ukuthi zifunde ukufunda ekuhambeni kwesikhathi.
4. Izingane zikwazi ukuqonda nokuthokozela izindaba ezingaphezu kwamazinga azo okwazi ukufunda uma zizizwa zifundwa kakhulu.
5. Ukuzwa amagama amasha asetshenziswa endaben i kuthuthukisa amagama aziwa ingane futhi kuzinikeza ulimi olunothile ezingathathela kulo uma sezibhala izindaba zazo.

### Amacebo amahlanu akwaNalibali okufunda kakhulu

1. Khetha izincwadi enizozifunda ozithokozelayo kodwa kube yilezo ezihambisana nokushintshashintsha kwezinto ezithandwa izingane zakho.
2. Ukufunda kakhulu kuhlale kungukulingisa! Yenza ukuthi izwi lakho lakhe umuzwa othile!
3. Qala ngokufunda igama lombhali (nodwebe imidwebo) ukuze izingane zazise ukuthi izincwadi zenziwa abantu abafana nazo!
4. Uma nifunda incwadi yezithombe, nika za izingane isikhathi sokuthi zibheke izithombe bese ziphawula, uma zithanda.
5. Izincwadi ezinemilolozolo, isigqi nempinda zenza izincwadi ezikahle ukuthi ungazifundela kakhulu izingane ezincane nokuthi wethule ulimi olusha. Ngezikkhathi ziya ngokujwayela indaba, gqugquzela izingane ezincane ukuthi zihlanganye le nawe ngesikhathi ufunda.

